



AUDITOR - GENERAL
SOUTH AFRICA

MEDIA RELEASE

31 Mashi 2021

Umcwangingimabhuku-Jikelele unxusa bonke abaholi bahulumeni ukuthi baqinisekise ukuthi kuba nemiphumela yocwangingomabhuku 'egcinekayo'.

EPITOLI - namuhla uMcwangingimabhuku-Jikelele (u-AG) uTsakani Maluleke ubike "ngezimpawu zentuthuko" kucwangingomabhuku lwasezwenilonke nasezifundazweni, futhi wanxusa abaholi bahulumeni ukuba baqinisekise ukuthi kuba "nentuthuko eqhubekayo negcinekayo" emiphumeleni yabo.

Umcwangingimabhuku-Jikelele uphinde isiqubulo sombiko wezi-2018-19, **thatha isinyathelo sokugcina isibophokubika manje**, ngoba ekhathazeke ngokuthi kube nenqubekela phambili encane ekubhekaneni nezinkinga ezavezwa ngonyaka odlule. Lezi zinkinga ziphinde zagcizelelwa emibikweni emibili ekhethekile eyethulwe ezinhlelweni zikahulumeni zowezi-2020 zokuphathwa kwezezimali nezihambisana nalokhu 1) izisombululo ezigcinekayo ezidingekayo ukuvikela ukuhluleka okuqondene nesibophokubika; 2) ukuqinisekisa ukuthi kuba nezinyathelo zokukhalima lapho kunemiphumela yokwahluleka ukugcina isibophokubika; 3) ukubeka eqhulwini ukuthuthukiswa kokuphathwa kwezimali zezikhungo okucwangingwe amabhuku azo; 4) ukuthatha amathuba oshintsho oluqhubekayo nolugcinekayo.

Ukukhipha umbiko owujikelele (i-GR) wezi-2019-20 kazwelonke nezifundazwe kanye nezikhungo zawo - i-GR yokuqala yakhe selokhu angena ehhovisi njenge-AG ngoDisemba wonyaka odlule - uMaluleke uthi yize kunezimpawu zentuthuko kwezinye izikhungo okucwangingwe amabhuku azo, ihhovisi lakhe "alikaluboni ukuthuthuka okuqhubekayo nokugcinekayo okudingekayo ukuvikela ukuhluleka ukugcina isibophokubika nokubhekana nakho ngokufanele nangendlela egcinekayo kuhulumeni kazwelonke nowezifundazwe".

Ukuqhubeka nokunxusa ukuthi kusetshenziswe isibophokubika

U-AG uthi umyalezo wehhovisi lakhe embikweni wezi-2019-20 wethulwe ngaphansi kwesiqubulo **sokuqhubeka nokunxusa ukuba kugcinwe isibophokubika**, esihambisana nonyaka odlule futhi uthi:

- Yize kube nentuthuko ekhuthazayo emiphumeleni yocwaningomabhuku, **izisombululo ezigcinekayo ezidingekayo ukuvikela ukuhluleka ukugcina isibophokubika** azikabibikho, futhi kuzodinga ukuzinikela kuwo wonke amazanga kahulumeni.
- Uphiko olunomsebenzi wokuqapha, isigungu esiphethe kuhulumeni kanye neminyango kahulumeni edidiyelayo kumele igxile **emabhizinisini kahulumeni, izikhungo zikahulumeni ezisindwayo kanye neminyango yokuhlinzeka ngemisebenzi esemqoka** njengowezempilo nowezemfundo. Ukwahluleka kwezikhungo okucwaningwa amabhuku azo ukugcina imisebenzi yazo nokuqhubeka nokuhlinzeka ngemisebenzi kuzoba futhi kunomthelela omkhulu ezimalini zikahulumeni kanye nezimpilo zezakhamizi.
- Ukubaluleka **kokuhlonishwa kwemithetho yokuphathwa kwezimali** kulesi sikhathi kumele kugcizelelwe kakhulu - zonke izikhulu kumele zenze owazo umsebenzi ukuqinisekisa ukuthi imali kahulumeni iyavikeleka futhi konke kubekwa obala futhi kube nesibophokubika ngendlela okwenziwa ngayo.
- **Ukuvikela ukulahleka nokuqoqa imali elahlekile** kuzodinga ukuba kubekwe eqhulwini kuzo zonke izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nezikhungo eziphethe ngalesi sikhathi lapho kumele kwenziwe okuningi ngezinsiza zezimali ezincane kakhulu futhi eziqhubekayo nokuncipha.
- Uma **kudingeka ukukhalima ngenxa yemiphumela yokwahluleka** ukugcina isibophokubika, lokho kumele kwenziwe ngokushesha, ngesibindi nangendlela egcinekayo.

Sikholwa wukuthi uma kungagxilwa kulokhu, sizobona intuthuko edingekayo futhi kuzoba negalelo empumelelweni edingekayo ezikhungweni okucwaningwa amabhuku azo.

Umthelela we-covid-19 enqubweni yocwaningomabhuku yowezi-2019-20

Ubhubhane nokuvalwa kwezwe kube nomthelela ezinqubweni zokubika nokwenza ucwaningomabhuku ngonyaka wezimali wezi-2019-20, okudale ukubambezeleka kokukhishwa kombiko.

Ihovisi likamcwaningimabhuku kuzwelonke kudingeke ukuba lijwayele ukungasebenzeli ehhovisi futhi izinhlelo zobuchwepheshe zisize kakhulu futhi kudingeka sithole izindlela

ezintsha zokusebenza ngokubambisana nezikhungo okucwaningwa amabhuku azo. Ngaleso sikhathi, senze ucwaningomabhuku lowezi-2019-20 futhi kube nezinhlelo ze-covid-19 zocwaningomabhuku lwesikhathi sangempela ezenziwe ngoMashi 2020. Siphinde sethula imibiko emibili ekhethekile yokuphathwa kwezimali njengengxenyane yezinhlelo zikahulumeni ze-covid-19.

A. Imiphumela yocwaningomabhuku efinyeziwe

Imiphumela yocwaningomabhuku esemqoka

Phezu kwakho konke, **imiphumela yocwaningomabhuku ithuthukile** njengoba kube nezikhungo ezingama-66 okucwaningwe amabhuku azo futhi kwaba nezingama-35 ezibe nemiphumela eyehlile. Imiphumela yokuhlola iveze ukuthi izizathungqangi zale ntuthuko zibe ngokulandelayo:

- Izikhala zomsebenzi zezikhundla zokuphatha ezisemqoka ebezikhona zigcwalisiwe - ikakhulukazi lezo zezikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nezikhulu eziphezulu zezimali. Imiphumela yokuhlola kwethu iveze ukuthi ukugcinwa kwezikhundla ezisemqoka yikho okube yimbangela yokuthuthuka kwemiphumela yocwaningomabhuku nokugcina imiphumela yocwaningomabhuku emihle.
- Izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nabaphathi abakhulu bazinikela futhi bazibandakanye ngqo ekuqinisekiseni ukuthuthukisa kanye nezindlela zokulawula zangaphakathi futhi baqalisa izincomo zethu.
- Ukuthuthukisa izindlela zokulawula zangaphakathi - okubandakanya ukuqaliswa kwezindlela zokuvikela ubungozi

Imibiko iveze izimo ezisemqoka ezilandelayo zemiphumela yocwaningomabhuku:

- Ziyi-111 (26%) ezikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezikwaze ukukhipha izitatimende zezimali nemibiko yokusebenza eseqophelweni eliphezulu futhi ezilandele imithetho esemqoka, okwenze ukuthi zithole ucwaningomabhuku olungenasici. Lokhu kungukuthuthuka kusukela ku-98 (23%) ngonyaka odlule. Lezi zikhungo okucwaningwe amabhuku azo zimele ama-17% esabelomali sezindleko eziyisigidintathu esingu-R1,7 kuhulumeni wakuzwelonke nowezifundazwe.
- Ezweni lonke, zingama-74% izikhungo okucwaningwa amabhuku azo ezithole imibono yocwaningomabhuku engenazici ezitatimendeni zezimali zazo, okube yintuthuko encane kusuka kuma-71% onyaka odlule. Isibalo sezikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezathumela izitatimende zezimali eziseqophelweni eliphezulu sinyukile - zingama-49% izikhungo okucwaningwe amabhuku azo

ezikwaze ukusinika izitatimende zezizimali ezingenazo okungasilo iqiniso, okusasezingeni eliphansi kakhulu okwamanje.

- izingaqophelo lemibiko yokwenziwa komsebenzi lithuthukile ngowezi-2019-20, kwaba nezikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezingama-71% esezishicilela imiphumela ekholakalayo uma kuqhathaniswa nama-60% angonyaka odlule. Izingaqophelo lemibiko yokusebenza elithunyelelwe ucwaningomabhuku lisaphansi (njengoba kungama-39% kuphela athumele imibiko enezingaqophelo elihle). Nangemuva kokulungiswa kwezitatimende ezinokungasilo iqiniso zezikhungo okucwaningwa amabhuku azo ezihlonzwe abacwaningimabhuku emibikweni yokusebenza, i-AGSA ibike ukuthi ithole ama-29% emiphumela yokukhulu okungenziwanga ngokufanele emibikweni yokusebenza.
- Phezu kwakho konke, ama-69% ezikhungo okucwaningwa amabhuku azo akazange awulandele umthetho, obekungama-73% ngonyaka odlule.
- Ukulandelwa kwezimiso zomthetho wokukhishwa kwezinkontileka zemisebenzi kuthuthuke kancane ngonyaka odlule. Kusanenkinga yokuthi ngama-36% kuphela ezikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezilandela umthetho ngokugcwele. Lokhu kwenzeka yize kunenqwaba yemibiko esayenza ngalesi simo, saziveza izimo ezingaba nobungozi, kanye nenqwaba yezincomo esazenza. Izingubo ezingancintisani nezingalungile kanye nokuphathwa ngokungafanele kwezinkontileka kusavamile.

Ukwehla kwezindleko ezingahlelelwe

- **Izindleko ezingahlelelwe zehle zafika kuzigidigidi ezingu-R54,34** zisuka kuzigidigidi ezingu-R66,90 ngonyaka odlule. Kubandakanya izindleko ezingajwayelekile (izigidigidi ezingu-R7,71) zezikhungo okucwaningwe amabhuku azo kwaqedwa ngemuva kosuku oluwumnqamulajuqu lwalo mbiko (30 Novemba) kanye nezimali ezingadlulanga kucwaningomabhuku ezidalulwe ezitatimendeni zezimali zezikhungo okucwaningwe amabhuku azo obekusasele ngelanga lokukhishwa kwalo mbiko.
- U-AG uthi imali beyingaba ngaphezu kwalokhu nokho, **njengoba zingama-31%** izikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezitholakale zinocwaningomabhuku olunezici ngoba imali eyadalulwa beyingaphelele futhi/noma zadalula ukuthi zibe nezindleko ezingahlelelwe kodwa inani eliphelele belingaziwa. Ukuba izindleko ezingahlelelwe ngokugcwele zadalulwa ngabe akubanga khona ukwehla kulokho obekwenzeke ngonyaka odlule.

- Phezu kwalokho, i-AGSA beyingeke ikwazi ukwenza ucwaningomabhuku lwezinkontileka ezilinganiselwa kuzigidigidi ezingu-R2,08 ngenxa yokushoda noma yokungaqedelwa kolwazi.
- UMaluleke uthe lezo zikhungo okucwaningwe amabhuku azo zinomlando ongemuhle wokubhekana nezindleko ezingahlelwe nokuqinisekisa ukugcinwa kwesibophokubika. Ibhalansi yasekupheleni konyaka yezindleko ezingahlelwe eziqongelelekile eminyakeni eminingi nokungakabhekanwa nazo beyimi kuzigidigidi ezingu-R262,03.

Izindlela zokulawula zangaphakathi

Umbiko uveze ukwanda kokuba buthaka ezindleleni zokulawula zangaphakathi eziyisisekelo ezikhungweni eziningi okucwaningwa amabhuku azo. Phakathi kwezikhala ezivelile ezibe nomthelela emiphumeleni ebuyekezwayo, umbiko ugqamise okulandelayo:

- Izinhlelo zezinyathelo zezikhulu ezinesibophokubika ngezezimali noma uphiko oluphethe zokuthatha isinyathelo kuqala ukuze kubhekanwe nomsuka wemiphumela yocwaningomabhuku lwangonyaka odlule - ihhovisi locwaningomabhuku lithole ukuqaliswa kwezinhlelo okusebenzayo ezikhungweni ezingama-34% esicwaningwe amabhuku azo.
- Ukugcinwa kwamarekhodi ngokufanele kusalokhu kuntengantenga - ngama-42% kuphela ezikhungo okucwaningwe amabhuku azo ezinezindlela zokulawula ezifanele.
- Abacwaningimabhuku baphinde bangazithola izinqubo ezifanele zokubika unyaka usaqhubeka nasekupheleni konyaka - ngama-24% kuphela abe nezinqubo ezinhle. Lokhu bekuqondene nezimo zezimali, ukusebenza ngokugcina imigomo nokuqapha ukulandelwa kwemithetho.
- Ukubuyekezwa nokuqapha ukugcinwa komthetho kuphinde kwaba sezingeni eliphansi - ngama-25% kuphela abe nezindlela zokulawula ezinhle zokuqinisekisa ukulandelwa kwemithetho.
- Izindlela zokulawula ezobuchwepheshe (i-IT) nazo ziyagqama njengendawo okube nokuntengantenga kuyo - ngama-8% kuphela ezikhungo okucwaningwe amabhuku azo abe nezindlela zokulawula ze-IT eziwujikelele ezinhle.

UMaluleke uxwayise ngokuthi lezi zindlela zokulawula zisemqoka ekuvikeleni ukuhluleka ukugcina isibophokubika; nokho, ucwaningomabhuku luveza ukuthi "akukabibikho ukuzinikela ekuvikeleni lesi simo".

B. Ukuphathwa kwezimali

Esimweni lapho kunokuphazamiseka kwezezimali lapho iminyango, amabhizinisi kahulumeni nezikhungo zikahulumeni kumele zenze okungaphezu kwezikwenzayo ngalokho okuncane ezinakho futhi lapho kunyuka khona okudingekayo ekuhlizekeni ngemisebenzi kanye nesibophokubika. UMaluleke uxwayisa ngokuthi "izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nophiko oluphethe kumele benze konke okusemandleni ukuze kube nenzuzo ngerandi ngalinye elisetshenzisiwe futhi kuphathwe konke okuqondene nezimali zabo ngokucophelela nokuqikelela.

Izitatimende zezimali ezikholakalayo zisemqoka ukuze kuqinisekise ukugcinwa kwesibophokubika nokuveza konke obala. Izitatimende zezimali zixoxa indaba yokuthi izikhungo okucwaningwa amabhuku azo ziphathwa kanjani - ziyisebenzisa kanjani imali, ivela kuphi imali yazo, impahla yazo kanye nesimo saleyo mpahla, isimo sazo sokukwelela, imali ekweletwa isikhungo okucwaningwa amabhuku aso, nokuthi kulindeleke ukuthi imali ekweletwayo itholakale kanjani. Zihlinzeka ngolwazi olusemqoka lokuthi isabelomali silandelwe kangakanani, okungagunyazwanga, okungahlelelwe kanye nokungenanzuzo nokuwukusaphaza okudalekile kanye nesimo sezimali sisonke - ukuthi ingabe imisebenzi yaso ingagcineka na ngokwezimali.

UMaluleke uthi ihhovisi lakhe likhathazeke ngezikhungo okucwaningwa amabhuku azo ezilinganiselwa kuma-21 ezithole imibono engenamiphumela noma engasilo iqiniso ezitatimendeni zezimali zazo. Uqhubeke wathi besingahlaziya isimo sezimali salezi zikhungo okucwaningwa amabhuku azo, ezidale ama-2% esabelomali sezindleko.

UMaluleke uveze ukukhathazeka ngezikhungo zikahulumeni ezinezinkinga zezimali futhi ezingazithumelanga izitatimende zezimali kucwaningomabhuku. Lokhu kubandakanya:

- I-South African Airways ne-LMT Products (engaphansi kwe-Denel) okuyizikhungo ezingaphansi kohlelo lukahulumeni lokutakula
- I-SA Express ibhekene nokuwa kwebhizinisi okwesikhashana. Izikhungo eziningi zeqembu le-South African Airways azizange zizithumele izitatimende zezimali eminyakeni emithathu.

Phezu kwalokho, izikhungo eziningi zikahulumeni zidalule okungasilo iqiniso ezitatimende zezimali zazo maqondana nokuthi isikhungo sizokwazi na ukuqhubeka nokusebenza okuyinkinga eqhubekayo futhi zibandakanya:

- I-Petroleum Oil and Gas Corporation,
- I-South African Broadcasting Corporation,
- I-Denel kanye nezikhungo ezintathu ezingaphansi kwayo (i-Densure, i-Denel Aerostructures ne-Denel Vehicle Systems),
- I-Independent Development Trust,
- I-Land and Agricultural Bank of South Africa,
- I-Pelchem kanye;
- ne-South African Nuclear Energy Corporation
- U-Eskom

Isimo Sezezimali seminyango kahulumeni

UMaluleke uthe isimo sezimali seminyango kahulumeni eminingi siyaqhubeka nokukhathaza, ikakhulukazi iminyango yasezifundazweni yezempilo neyezemfundo. Unxuse izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nobuholi bezikhulu ukuba balubhekisise lolu daba.

Izindleko ezingagunyaziwe

Izindleko ezingagunyaziwe ezidalwe ukusebenzisa isabelomali ngokweqile, zinyukile zisuka kusigidigidi esingu-R1,65 zaya kusigidigidi esingu-R18,12 - okuthe izigidigidi ezingu-R15,13 zadalwa ukukhokhwa ngaphambi kwesikhathi ngo-Ephreli 2020 kwezibonelelo zomphakathi ngenxa yezinhlelo zokuvalwa kwezwe ngenxa ye-covid-19.

Ingaphezu kwama-60% iminyango kahulumeni ebeyinemali ebeyingenele ukukhokhela izikweletu ezibe khona ekupheleni kwalowo nyaka wezimali uma kubhekwa izindleko ezingakhokhelwe (eziyizigidigidi ezingama-R22,78 sezizonke) ekupheleni kwalowo nyaka wezimali. Isiyonke ingama-27 iminyango kahulumeni okudingeke ukuba isebenzise okungaphezu kwama-10% esabelomali sayo sokusebenza ngonyaka wezi-2020-21.

Ekupheleni konyaka, ama-87% iminyango yabhekana nezicelozinxephezelo, zezigidigidi ezi-147,12. Izicelozinxephezelo ezifakwe eminyangweni kahulumeni ngenkantolo ukuze kutholakale isinxephezelo ngenxa yokulahlekelwa okudalwe wumnyango - izicelozinxephezelo ezivame kakhulu yizicelozinxephezelo zobudedengu kwezokwelapha ezifakelwa iminyango yezempilo yezifundazwe - sekukonke okube yizigidigidi ezingama-R105,8.

Kukhona nezikhungo zikahulumeni ezisemqoka nazo ezibhekene nengcindezi yezimali. Kushode izigidigidi ezingama-R64,95 sezizonke ezikhungweni zikahulumeni ezingama-29% ezibe nezindleko ezeqe isabelomali sazo - ama-92% esamba sokushodile aqondene ne-Road Accident Fund.

Kube nezikhungo zikahulumeni ezingama-21 ezidalule ukungaqiniseki ngokuthi zizokwazi na ukuqhubeka okuyinkinga eqhubekayo. Zibandakanya:

- I-Road Accident Fund,
- I-South African National Roads Agency,
- I-Property Management Trading Entity kanye nenqwaba yezikhungo zikahulumeni zezifundazwe.

Isitatimende sezimali sezikhungo zikahulumeni eziyi-17 bekungethenjelwe kuzo ukuze zicutshungulwe ngokwezimali - lokhu bekubandakanya i-Passenger Rail Agency of South Africa, ama-TVET college ayisikhombisa kanye nezikhungo zasezifundazweni ezine zaseNyakatho Ntshonalanga.

Izindleko ezingenanzuzo neziwukusaphaza

Izindleko ezingenanzuzo neziwukusaphaza zichaza imali elahlekele umbuso noma engase ilahleke ngokuphelele uma ingaqoqwana. Kuphinde kube yinkomba enhle yokuphathwa kwezimali esikhwameni sikahulumeni. Uhulumeni angeke akwazi ukulahlekelwa imali ngenxa yokuthathwa kwezinqubo ngendlela engeyiyo, ubudedengu noma ukungagculisi. Nokho, umbiko kaMaluleke uveza ukuthi izindleko ezingenanzuzo neziwukusaphaza zisaphezulu kakhulu.

Kulo nyaka wezimali, izikhungo ezingama-231 okucwaningwe amabhuku azo zilahlekelwe izigidigidi ezingu-R2,39 ngezindleko ezingenanzuzo neziwukusaphaza. Esikhathini seminyaka emithathu edlule, izigidigidi ezingu-R7,44 zezindleko zikahulumeni zaba ngeziwukusetshenziswa kwemali okungenanzuzo nokusaphaza.

C. Imiphumela yokuqaliswa kokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe

UMaluleke uthethe uMthetho Wocwaningomabhuku Lukahulumeni ochitshiyelwe uhlinzeka ihhovisi lakhe ngomsebenzi wokubika ngokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okubonakele kucwaningomabhuku lwethu futhi kuthathwe nezinye izinyathelo uma izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali nophiko oluphethe bengabhekananga ngokufanele nalokho kusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu.

Singadlulisela lolu daba ophikweni lukahulumeni ukuze lwenze uphenyo noma lididiyele izincomo embikweni wocwaningomabhuku ngalokho okumele kwenziwe ukubhekana nalolo daba. Izichibiyelo ziqhubeka nokusinika amandla okuthatha izinyathelo zokungenelela eziyisibopho uma izincomo zethu zingaqaliswanga futhi, ezimweni ezithile, singayiqoqa imali elahlekile ezikhulwini ezinesibophokubika ngezezimali noma uphiko oluphethe olungaziqalisanga izindlela zokungenelela.

UMaluleke ucacise ukuthi "izichibiyelo azisizo izijeziso, kodwa kuhloswe ukuqinisa izindlela zokugcina isibophokubika ngezezimali. Ngokubika ngokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu, seseka izikhulu ezinesibophokubika nophiko oluphethe ukuze zigxile kokungahlelelwe okungase kube nomthelela omkhulu ezimalini, izinsiza nokuhlinzeka ngemisebenzi kanye nokuthuthukisa ukuze kuthathwe izinyathelo ezifanele ngesikhathi ngokomthetho."

Lokhu kuzonciphisa umthelela ongemuhle walokho okungahlelelwe okuvela ezikhungweni okucwaningwa amabhuku azo, kuhlelele isibophokubika ngezezimali ngokufanele, kugqamise isidingo semithelela yemiphumela, futhi kukhuthaze ukushintsha indlela yokwenza emazingeni aphezulu kakhulu. Njengoba sibika ngokungahlelelwe okukhulu embikweni wocwaningomabhuku, siphinde senza ama-akhawunti kahulumeni namakomidi emisebenzi akwazi ukuqapha - kugxilwe kulokho okubaluleke kakhulu okuthinta izikhungo okucwaningwa amabhuku azo.

UMaluleke uphinde wagcizelela ukuthi "imithethonqubo ibunjwe ngendlela eyeseka inqubo elungile, eveza konke obala neqondakalayo ngokomthetho maqondana nokwenziwa kobulungiswa, ngokuhlinzeka ngethuba isikhulu esinesibophokubika ngezezimali noma uphiko oluphethe ukuze kuthathwe izinyathelo ezifanele zokubhekana nokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu."

Ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu okuhlonziwe

"Ngomhla zingama-28 Febhuwari 2021, sasesazise izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali nophiko oluphethe zezikhungo okucutshungulwa amabhuku azo ezibe nokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu ongama-75. Konke kuhambisana nokungalandelwa kwemithetho okudale ukulahlekelwa okukhulu kwezezimali. Isilinganiso sokulahlekelwa ngokwezimali okuhambisana nalokhu kusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu kuyizigidigidi ezingu-R6,9" kuqhubeka uMaluleke.

Ama-45 alokhu kusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu kubandakanywe emibikweni yocwaningomabhuku kanye nombiko owujikelele ukuze kube nokuqapha. Okusele kuzobikwa emibikweni yocwaningomabhuku yowezi-2020-21.

Kube nanesibalo esiphezulu sezindaba ezicutshungulwayo ezihlonziwe ngesikhathi socwaningomabhuku nezindleko ze-covid-19 futhi kuyizimo ezisemaqoka ezinjengokuthengwa kwempahla, ukuphathwa kwezindleko, ukuphathwa kwengeniso kanye nokuphathwa kwezinsiza.

UMaluleke uqhubeke wathi, "lokhu akusizo izindaba ezixakile, kodwa ukuhlonipha imithetho okuyisisekelo kanye nezinqubo okumele zibekwe ezikhungweni okucwaningwa

amabhuku azo - ukuthenga ngenani elifanele, ukukhokhela lokho esikutholile kuphela, ukukhokha ngesikhathi, ukuqoqa ingeniso ekweletwa uhulumeni, ukugada impahla nokusebenzisa izinsiza zikahulumeni ngendlela enempumelelo negculisayo kuqinisekiswa ukuthi inani lisuselwa emalini esetshenziswayo. Izindlela zokulawula zokuvikela ubungozi ezifanele bezingawenza umehluko."

"Kuyasithokozisa ukuthi izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali noma uphiko oluphethe bakwaze ukuxazulula ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu okuthathu kokungama-45 okubikiwe futhi okungama-33 kukho kuzobhekanwa nakho. Lokhu kuwuphawu lokushintsha kwendlela yokuziphatha maqondana nokubhekana nemiphumela esiyitholile ngendlela yokuthatha izinqumo ezifanale nangesikhathi esifanele" kusho uMaluleke.

Kunenqubo esiyilandelayo onyakeni wonke futhi asilindi kuze kube wuhlelo olulandelayo locwaningomabhuku ukuqonda ukuthi inqubo isihambe kangakanani ukuze kubhekanwe nalokhu kusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu.

Phezu kwalokho, sibandakanye izincomo emibikweni yocwaningomabhuku lwezikhungo ezine okucwaningwe amabhuku azo ngezinyathelo okumele zithathwe. Lokhu kuhloswe ukuba kuxazulule ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okuyisishiyagalombili lapho sathola ukuthi izinyathelo ezifanele bezingathathwanga. Siphinde saveza ukukhathazeka ngokubambezeleka kwezinye izikhungo okucwaningwa amabhuku azo anokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe ngenxa yokungabibikho kozinzo ezingeni lesikhulu esinesibophokubika ngezezimali noma uphiko oluphethe.

"Kumele kube nesinyathelo esisheshayo sokubhekana nokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe ukuvikela ukuqhubeka kokusaphaza, ukuqoqa imali kanye nokuqalisa izinhlelo zokukhalima maqondana nemiphumela yokwenza okungafanele futhi bonke ababambiqhaza kumele basebenzisane ukuqinisekisa ukuqhubeka kokuxazululwa kwalezi zimo ngokushesha kusho uMaluleke.

UMaluleke ugcizelele ukuthi "sizinikele kakhulu ekuqaliseni amandla andisiwe anikwe ihhovisi lethu, ngaphandle kokwesaba, ukuchema noma ukucindezela njengoba senza eminyakeni edlule. Ukuphumelela kwamandla ethu achitshiyelwe kuzobonakala lapho kunosiko lokubhekana nesimo, ukulawula imiphumela, ukuphatha okuhle kanye nesibophokubika kwezikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nophiko oluphethe kuba yinqubo kunokuba kube ngokumiselwe ukuba kwenziwe."

D. Imiphumela yocwaningomabhuku yezifundazwe

Umbiko we-AG ubhalwe ukuthi "sekukonke, kusanidingo sokufaka izindlela zokuvikela (kuzo zonke izifundazwe) njengoba lokhu kusayisakhi esisemqoka sokugcina isibophokubika".

Ngezansi kunesifinyezo, ngokulandelana kwe-alfabhethi, maqondana nokuthi izifundazwe ezinhlobonhlobo zisebenze kanjani:

IMpumalanga Kapa

Kube nemiphumela yocwaningomabhuku emine ethuthukile esifundazweni futhi sinye isikhungo okucwaningwe amabhuku aso esibe nemiphumela eyehlile. U-AG uqaphele ukuthi ukuthuthukisa kudalwe ubuholi ekuqalisweni kokuzibophezela kanye nokuqapha esifundazweni 'okungukuzibandakanya kakhulu kanye nokugcina isibophokubika, kodwa izindlela zokuvikela kusamele zibhekiswe".

Isimo sokulawula sangaphakathi esibi sinomthelela omubi emiphumeleni eseminyangweni ehlinzeka ngemisebenzi esemqoka, okungowezeMpilo, Ezokuthutha Nezemfundo, futhi ukuphulwa komthetho kule minyango nakho kube nomthelela omubi endleni esebenzise ngayo imali eyabelwe.

E-Free State

Izikhungo okucwaningwa amabhuku azo ezintathu zithuthukise imiphumela kube esisodwa sehlile okokuqala kusukela ngowezi-2016-17, isifundazwe sibe nocwaningomabhuku olungenagcobho. Lo ngunyaka wesibili wentuthuko esifundazweni, kodwa u-AG uxwayise ngokuthi "ukungabibikho kokugcinwa kwesibophokubika kuqhubekile ngenxa yokuqhubeka nokungayilandeli imithetho (ikakhulukazi eqondene nokuthenga kanye nokumoshakala kwesimo sezempilo".

Isimo sokungabibikho kwemiphumela sibe khona ngenxa yobuholi bezepolitiki nezokuphatha obuhlulekile ukuqalisa izindlela zokukhalima maqondana nemiphumela yezikhungo ezingawugcinanga umthetho. Ngakho, isimo besinobungozi bokuvulela ukuphatha budlabha, ukusaphaza kanye nokusetshenziswa ngokungafanele kwezimali zikahulumeni. U-AG unxuse ubuholi bezepolitiki "buhole phambili futhi buqinisekise ukuthi ubuholi obuphethe bugcinwa bunesibophokubika ngezenzo zabo - "ukuhlela ngokufanele nokuklama isabelomali, ukuphathwa kokusebenza kwezisebenzi ngokufanele kanye nezimo eziqinile nezenziwa ngesikhathi ukuze kubhekwe ukungasebenzi ngokufanele nokuphulwa kwemithetho okumele kuqaliswe".

EGauteng

Akubanga namnyakazo onyakeni wezimali odlule njengoba izikhungo okucwaningwa amabhuku azo ezine ezathuthuka bese zaphakanyiswa ngezine ezehla. U-AG uthi "Ukuqapha okungafanele kwezindlela zokuvikela kanye nokukhalima ngendlela engagculisi kudale ukungabibikho kozinzo".

U-AG uthe kuyakhuthaza ukuthi kube nokuqhubeka kokuthuthuka kwezingaqophelo ezitatimendeni zezimali ezathunyelelwa ucwaningomabhuku, okungasuselwa ekubikeni okuvamile, ukubuyekeza okwanele, ukugcinwa kwamarekhodi okufanele, kanye nokusetshenziswa kwezinhloko zobuholi ukusiza lapho kubuyekizwa. Ukuze kuthuthukiswe ukugcina kwemiphumela yocwaningomabhuku, siphinde sakhuthaza ubuholi ukuba bugxile ekuqapheni izindlela zokuvikela ukuqinisekisa ukubhekana nokuphulwa kwemithetho ngophenyo olwenziwa ngesikhathi kanye nokuphathwa kwezimo, ikakhulukazi kwezokuphathwa kokuthenga.

KwaZulu-Natali

Izikhungo ezinhlanu okucwaningwe amabhuku azo zithuthukile kube ezinye zehlile. UMaluleke uthi, "kunenqubo yokuthuthuka ebonakalayo esifundazweni kodwa kudingeka ukuhlonishwa kwemithetho okukhulu ekuqalisweni kwezindlela zokuvikela ezizogcina ngokudala ukuthuthukisa okugcinekayo."

Ukushoda kokuphathwa kwezimo kuqhubekile nokuqalisa amazinga aphezulu okungalandelwa kwemithetho nezindleko ezingahlelelwe.

ELimpopo

Kube nokuthuthukisa okubonakele emiphumeleni yocwaningomabhuku njengoba kuqhubeka nokuthuthukisa isimo sokulawula futhi umgcinimafa wesifundazwe uqinise ukuqapha - ngenxa yemiphumela yocwaningomabhuku lwezikhungo eziyisithupha okucwaningwe amabhuku azo. Ukulandelwa kwemithetho nezinqubomgomo kusayinselele, njengoba ubuholi obuphethe kanye nabaphathi abakhulu bashaye ngolonwabu ekuqaliseni izinyathelo zokuqondisa izigwegwe ukubhekana naleyo miphumela, okudale ukuphindeka kwemiphumela yocwaningomabhuku.

UMaluleke uthe ubuholi besifundazwe kumele "buqhubeka nokuqinisa ukuvikela, ukuphenya nezindlela zokulungisa kulolo cwaningomabhuku okungakabi nocwaningomabhuku olungenasici; futhi kumele kuqiniseke izindlela zokulungisa kanye nokuphatha isimo lapho kube nokusilela kanye nokungalandelwa kwemithetho okubonakele ukuze kugcinwe futhi kuthuthukiswe le miphumela".

IMpumalanga

Imiphumela yocwaningomabhuku lwesifundazwe iveze ukuthuthuka okuncane ezikhungweni okucwangingwa amabhuku azo futhi esisodwa sehlile kodwa izindlela zokuvikela ubungozi azikaqaliswa ezikhungweni okucwangingwa amabhuku azo, okudale imiphumela yocwaningomabhuku engaqondile - ukubandakanyeka kobuholi kuyadingeka ukugcina isibophokubika nokuthuthukisa imiphumela yocwaningomabhuku.

UMaluleke uthe ihhovisi lakhe liqhubekile nokuveza izinkinga zokuntengantenga kwezindlela zokulawula maqondana nokuhlelela ukuthuthukiswa kwengqalasisinda nokuqapha okunganele kanye/noma izindlela zokuphatha umsebenzi.

INyakatho Kapa

Izikhungo okucwangingwa amabhuku azo ezimbili zithuthukile emiphumeleni yocwaningomabhuku kube esisodwa sehlile, okuyisinyathelo esikhomba indlela enhle, kodwa indlela isayinde. U-AG unxuse ubuholi besifundazwe nabaphathi ukuba "baqinisekise ukuthi izikhulu ezinesibophokubika ngezezemali ziqinisa izindlela zokulawula, kugxilwe ekuvikeleni nasekuhloleni izindleko ezingahlelelwe".

Ukuqhubeka nokwethembeka enqubweni yocwaningomabhuku kusabonakala njengoba uhhafu womnyango ungakwazanga ukuthumela izitatimende zezimali eziseqophelweni elifanele - zisho ngokusobala ukuthi ukuhlonishwa kwemithetho kwansukuzonke okusemqoka okudingekayo, ukuphathwa kwamarekhodi kanye nezindlela zokulawula bezingamisiwe.

INyakatho Ntshonalanga

Izikhungo ezimbili okucwangingwe amabhuku azo zithuthukile kube ezinye zehlile. Lokhu kuyinqubo ekhuthazayo, kodwa kunesidingo sokugxilisa izindlela zokuvikela nokukhuthaza isimo sokuphatha imiphumela. Sekukonke, iminyango enemibono yezezimali engenasici inyukile okokuqala eminyakeni emibili, njengoba umgcinimafa wesifundazwe ekwaze ukugcina isimo socwaningomabhuku olungenasici.

U-AG uthi "kunan sidingo sesibophokubika ukuze isifundazwe sikwazi ukuhlukana nombono ongenagcobho njengamanje otholwe izikhungo ezinhlanu okucwangingwa amabhuku azo," esho exwayisa.

INtshonalanga Kapa

INtshonalanga Kapa iqhubekile nokuthola imiphumela ephuma phambili ngama-70% ocwaningomabhuku olungenasici. Zonke izikhungo okucwangingwa amabhuku azo

esifundazweni zithumele izitatimende zezimali zonyaka ngesikhathi ukuze kube nocwaningomabhuku futhi, ngaphandle kokudinga ukuthi kube nokulungisa okukhulu kuzo. Lokhu kuveza izindlela zokulawula ezimisiwe ngesikhathi senqubo yokulungisa izitatimende zezimali.

U-AG uthi "kube nesimo esimile nesigcinekayo semiphumela yocwaningomabhuku oluhle eNtshonalanga Kapa kodwa kube nenkinga yokwenyuka kwezindleko ezingahlelelwe. Ukwenyuka kudalwe wukungalandelwa kwemithetho maqondana nokuphathwa kohlelo lokuthenga impahla."

E. Isiphetho

UMaluleke uthe ugqugquzelekile ngenxa kahulumeni nezinhlelo zokuqapha ezibhekele ukuntengantenga okuhlonzwe yihhovisi lakhe, nokho yize ethe lokhu akubonakalisanga ukuthuthuka okugcinekayo. Ngakho ube eseqhubeka nokuveza ukukhathazeka ngokuthi kube nokuthuthuka okuncane nangemuva kokuba eseveze izinselele zonyaka wezimali odlule.

Ukuqhubeka nokunxusa ukuba kuthathwe izinyathelo zokugcina isibophokubika, esikholwa wukuthi kuzosiholela ekuthuthukiseni nasekusebenzeni izinsiza zikahulumeni ezishodayo ngokugculisayo.

"Njengehovisi locwaningomabhuku lukazwelonke, iqhaza lethu wukusiza izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali kanye nabaholi abaphethe ukuze kube nemiphumela emihle yocwaningomabhuku, okuzoqinisa ukugcinwa kwesibophokubika futhi kuthuthukise ukuhlinzeka ngemisebenzi ezakhamizini esizisebenzelayo. Lokho bekuyimpokophelo yethu eminyakeni eminingi futhi sizoqhubeka nokuma kulowo mgomo. Nokho, lapho kunokwahluleka nokungazimiseli ukuthatha isinyathelo, kumele sisebenzise izindlela esizinikiwe zomgomo wethu ongezwelele wokuqinisa ukugcinwa kwesibophokubika.

"Onyakeni wonke sizogxila ekuhlonzeni ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu nokuqinisekisa ukuthi izikhulu ezinesibophokubika ngezezimali nabaholi abaphethe baqalisa futhi babona ukuzibophezela kwabo embikweni. Lapho ingekho khona inqubekela-phambili sizosebenzisa izindlela zomthetho, ukuqinisekisa ukuthi kugcinwa isibophokubika ngokufanele nangesikhathi esimisiwe".

"Sisazimisele ngokusebenza ngaphandle kokukhathala ngaphansi komsebenzi omusha esiwumiselwe ngokomthetho ukuqinisa ukuphathwa kwezimali nokomsebenzi kuhulumeni kazwelonke nowezifundazwe, kugcizelelwa isidingo sokugcinwa

kwesibophokubika ngezimali nokwenza okuyisisekelo ngendlela efanele ezogcina ngokulethela izakhamizi ezifanelekile zakuleli inzuzo," kuphetha uMaluleke.

Iyaphela.

Ikhishwe ngu-: Mncwaningimabhuku-Jikelele waseNingizimu Afrika

Imininingwane yokuxhumana: Africa Boso 0713653024 Africab@agsa.co.za



Landela i-AGSA ku-Twitter: [@AuditorGen_SA](https://twitter.com/AuditorGen_SA)

Isaziso sabemithombo yezindaba: Umbiko Odidiyelwe owujikelele ngemiphumela yocwaningomabhuku lukahulumeni kazwelonke nowesifundazwe lwe-PFMA luzotholakala ku-www.agsa.co.za.

Mayelana ne-AGSA: I-AGSA iyisikhungo socwaningomabhuku esikhulukazi sasezweni Yiyo kuphela eyisikhungo, ngokomthetho, okumele senze ucwaningomabhuku futhi sibike ngokuthi uhulumeni uyisebenzisa kanjani imali yabakhokhintela. I-AGSA igxile kulokhu kusukela ekuqalisweni kwayo ngowe-1911 – le sikhungo sibungaze iminyaka eyikhulu siqhuba umlando wocwaningomabhuku ngowezi-2011.